

SA's Leading Past Year

Exam Paper Portal

STUDY

You have Downloaded, yet Another Great Resource to assist you with your Studies 😊

Thank You for Supporting SA Exam Papers

Your Leading Past Year Exam Paper Resource Portal

Visit us @ www.saexampapers.co.za



SA EXAM
PAPERS



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

FEBRUWARI/MASHI 2012

AMAMAKI: 70

ISIKHATHI: amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi angama-20.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.
2. Bheka kokuqokethwe uphawule izinombolo zemibuzo ebhekiswe emsebenzini owufunde phakathi nonyaka.
3. I-eseyi yakho yemibhalo kumele ibe ngamagama aphakathi kwayi-190 kuya kwangama-240.
4. Emibuzweni emifishane, uzoholwa imiklomelo enikeziwe embuzweni ukuthi impendulo yakho kufanele ibe yinde kangakanani.
5. Bhala izinombolo zezimpendulo zakho ngale ndlela ezibhalwe ngayo emibuzweni.
6. Bhala ngesandla esibonakalayo nesifundekayo.
7. Qala ISIQEPHU NESIQEPHU ekhasini ELISHA
8. Kulindeleke ukuba uphendule imibuzo EMIBILI kunoma yiziphi izincwadi ezimbili. Akungathathwa imibuzo emibili encwadini eyodwa.
9. QAPHELA: Uma ukhetha ISIQEPHU D phendula imibuzo ngezinkondlo EZIMBILI.

OKUQUKETHWE:

Leli khasi lizosiza abafundi ukukhetha imibuzo abafisa ukuyiphendula.

ISIQEPHU A: INOVELI			
Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA.			
IZINOMBOLO ZEMIBUZO	UMBUZO	AMAMAKI	INOMBOLO YEKHASI
1. <i>Kusinda Kwehlela Endodeni</i>	Umbuzo omde	35	4
NOMA			
2. <i>Kusinda Kwehlela Endodeni</i>	Umbuzo omfishane	35	4
NOMA			
3. <i>Umshado</i>	Umbuzo omde	35	7
NOMA			
4. <i>Umshado</i>	Umbuzo omfishane	35	7
ISIQEPHU B: UMDLALO			
Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA.			
5. <i>Isiko Nelungelo</i>	Umbuzo omde	35	9
NOMA			
6. <i>Isiko Nelungelo</i>	Umbuzo omfishane	35	9
NOMA			
7. <i>Ababulali Benyathi</i>	Umbuzo omude	35	12
NOMA			
8. <i>Ababulali Benyathi</i>	Umbuzo omfishane	35	12
ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE			
Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA.			
9. <i>Imfihlo Kamakoti</i>	Umbuzo omde	35	15
NOMA			
10. <i>Ilobolo</i>	Umbuzo omfishane	35	15
ISIQEPHU D: IZINKONDLO			
Phendula noma yimuphi imibuzo EMIBILI.			
11. Kwamfazi Ongemama	Umbuzo omfishane	17½	17
NOMA			
12. Phansi	Umbuzo omfishane	17½	18
NOMA			
13. Ngiyafisa Ukuba Qotho	Umbuzo omfishane	17½	19
NOMA			
14. Ungumzali Onjani?	Umbuzo omfishane	17½	21

ISIQEPHU A: INOVELI

Phendula umbuzo OWODWA kulesi siqephu. Uma ukhetha umbuzo omude bhala ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

UMBUSO 1: KUSINDA KWEHLELA ENDODENI – SJ Mchunu

Indikimba yale ndaba imayelana nobuqotho nokuba yisibonelo esihle emphakathini. Bhala uchaze ubuqotho bukaManyoba nokuthi wabusiwa kanjani ekugcineni ngenxa yobuqotho bakhe.

[35]**NOMA****UMBUSO 2: KUSINDA KWEHLELA ENDODENI – SJ Mchunu**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

(UManyoba uvuka ebuthongweni)

'MaNdlovu! Uthi uyabona nje ukuthi aseshe ngempela amanzi emthonjeni na? Ngibona sengathi awunakile. Wena ubona kusenjengakuqala ngisasebenza. Akusenjalo.' Usho nje uMacingwane, ngalelo langa akukho ngisho isilabi lesi sokuya ethunjini.

'Baba!' Esabela ngezwi eliphansi.

'Cha! Angithule ngoba ngingaboni ukuthi kwenzekani. Ngidla amathambo engqondo, angiphumi nasiphetho esithembisayo. Wena njengendoda uthi akwenziwe njani ngoba uyabona nabantwana bethu abasinakile? Batheni ngempesheni?'

'Abantu balapha kwaMavundla abanaso isineke sabantu abanjengathi. Kufanele ukuthi ugwaze ukuze zisheshe izinto zakho lapha, manje ke mina angisenayo leyo mali yokunika abantu bewuholela lowo msebenzi.'

Ngenye impelasonto uManyoba wabiza wonke umndeni wakhe, izinsizwa kanye namakhosikazi azo wenza umcimbi omuhle omncane, wayesezitshela izinsizwa zakhe ukuthi akasezukuphila ukuzondla yena nomkakhe, ngakho-ke abacabange ukuthi bazokwenzenjani ngabo. NgeSonto ntambama abafana kwase kufanele baphindele emuva lapho behlala khona.

Abafana bacela ukuba bake bahlanganise amakhanda bese bebatshela ukuthi bazokwenzenjani. Nebala benze njalo. Zasuka lapho izinsizwa zozine zayohlala endlini yokuphumula, kwaqala omdala njengenjwayelo uma kunento abayidingayo.

Fanyana: Bafowethu! Ngithemba ukuthi akekho ongezanga ukuthi ubaba utheni. Nathi sizibonele ukuthi indlala injani lapha ekhaya. Mina ngibona ukuthi kufanele sibalethele ukudla omama nobaba njalo ekupheleni kwenyanga. Lokhu singakwenza ngukushintshana. Kuzoqala mina ekupheleni kwale nyanga, ngibathengele konke ukudla nemadlana encane yokuthenga izinto ezincane. Nithini-ke nina ngalo mbono wami?

Bheki: Mina ngiyavumelana nalo mbono kamfowethu kodwa bengithi kunganjani uma singakuhlanyela ukudla sibe babili ukuze kungasisindi ukubanakekela abazali bethu.

- 2.1 Kwakuyini inkinga eyayibhekene noManyoba nenkosikazi yakhe ngokwalesi siqephu esingenhla? (1)
- 2.2 Bhala izinto EZIMBILI ezenziwa nguManyoba ukuzama ukuxazulula le nkinga ababebhekene nayo benenkosikazi yakhe. (2)
- 2.3 UManyoba uthi uyabona ukuthi inkosikazi yakhe icabanga ukuthi kusafana nangesikhathi esasebenza. Kwakunjani esasebenza? (1)
- 2.4 Bhala amagama ezingane zikaManyoba zabafana? (4)
- 2.5 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenzisiwe endabeni:
- 2.5.1 Ukudla amathambo engqondo. (2)
- 2.5.2 Ukugwaza. (2)
- 2.6 Bhala izinto EZINTATHU ezenziwa nguManyoba ukuzithuthukisa ngesikhathi esasebenza. (3)
- 2.7 Chaza ukuthi yini eyenza uManyoba ashiye umsebenzi ezimayini lapho ayesebenza khona. (2)
- 2.8 Kunenkolelo ethi umuntu ohlonipha uNkulunkulu akasoze alahlwa. Chaza ukuthi lokhu kwagcwaliseka kanjani empilweni kaManyoba. (2)
- 2.9 UManyoba wabafundisa bonke abafana bakhe washiya indodakazi yakhe yona wangayifundisa. Ngabe lokhu kusho ukuthini ngendlela uManyoba ayebuka ngayo abantu besifazane. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)
- 2.10 UManyoba wazilobolela izingane zakhe. Ngokwakho ukubona ngabe lokhu kwakungukuzisiza noma kwabe kungukuzibulala? Sekela impendulo yakho. (2)
- 2.11 Ngubani oweluleka uManyoba nomkakhe ukuthi kunokuthi baduke nezwe kungcono baye kwaSizabantu. (1)
- 2.12 Yini eyadina kakhulu amakhosikazi amadodana kaManyoba ngesinqumo sokuthi uManyoba nomkakhe bathathwe bayohlala emizini yamadodana abo? (2)
- 2.13 Ngabe yiqiniso noma ngumbono ukuthi uManyoba wayeyindoda eqotho. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (3)

2.14 Qondanisa UHLU-A NOHLU-B.

UHLU A	UHLU B
2.14.1 Inkosikazi kaManyoba	A eThekwini
2.14.2 Indawo okwazalelwa kuyo uManyoba	B uMaNdlovu
2.14.3 Indodakazi kaManyoba.	C uThembalihle
2.14.4 Indawo agcina ehlala kuyo uManyoba	D eMsinga
2.14.5 Indawo okwakuhlala kuyo indodana endala kaManyoba	E uMirriam
	F kwaMavundla

(5 x 1)

(5)
[35]**NOMA****UMBUZO 3: UMSHADO – N ZULU**

Indikimba yale ndaba imayelana nokubaluleka kokugcinwa kwamasiko. Chaza ukuthi ukwenza kukaBhekani okuphambene namasiko kwaba namiphi imiphumela empilweni yakhe.

[35]

NOMA**UMBUZO 4: UMSHADO – N ZULU**

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

'Izinto ezithintana nabaphansi azijahwa mfana wami. Manje yena lo makoti uyoze afike nini lapha? Ngelanga lomshado kuphela?'
Athule uBheki. Acabange lo mqansa obekwa unina. Inhliziyo yakhe nokho ithi ukwesasa. Sengathi unina uyehla manje.
'Lo mcimbi okhuluma ngawo wempepho nembuzi uyokwenziwa ekhona yini uTholi?'
'Kufanele abe khona phela. Kanti abaphansi bazothi sikhuluma ngobani?'
'Ngiyezwa mama.'
Asuke lapho uBheki ahambe. Uyocinga yena uTholi lowo. Into eyamhlupha ukuthi uTholi sengathi wayengezwani nalezi zinto zamasiko. Abone uBheki ukuthi into engcono yikho ukuthi ancenge. Afike endlini kaTholi kuvaliwe. Asole ukuthi kokunye uTholi akekho. Angqongqoze emnyango. Kuthulekile. Angqongqoze futhi. Kuthi nya. Kuthi ngesikade uvuleke umnyango.
'Kanti nguwe?' Asho ahleke uTholi.
'Nivaleleni emnyango?'
'Sibala imali lapha Bheki.'
Athule uBheki. Abheke uTholi kancane. UBheki abingelelane noPamella. Uyasebenza uPamella. Uyabala. Iningi imali ebalwayo. UTholi abone ukuthi uBheki sengathi ayimphethe kahle le nto yokufica uPamella lapha.

'Niyithathephi imali engaka Tholi?'

'Ifike noPamella.'

'Eyithathephi yena?' Asho liqine izwi lakhe uBheki manje.

'Sithandwa uzokutshela uPamella uma eseqedile.'

Athule uBheki athi ukucabanga kancane. Kufike ukucasuka ngokushesha. Azibuze ukuthi yini imali izobalelwa endlini kaTholi. Kube sengathi uyayibona leyo nto uTholi. Abambe uBheki. Amange. Amtshele ukuthi akahlale kuphi. Bahlale basondelane. Bagaxane. Lwehle ulaka kuBheki.

'Ngingakuzamela isiphuzo wakwami?'

Avume ngekhanda uBheki. Agqigqizele uTholi alungise isiphuzo. Ithawula leli alibhincile lilokhu likhumuka. Abuye alibambe alibophisise.

UBheki yilokhu emeba kancane uTholi njengoba emlungisela isiphuzo nje.

- 4.1 Ngowani lo mcimbi abakhuluma ngawo uBhekani nomama wakhe? (1)
- 4.2 Ngubani uPamella kule ndaba? (1)
- 4.3 UBheki wayengamthandisisi uPamella. Chaza ukuthi yini eyayenza angamthandi. (2)
- 4.4 Njalo uma uBhekani ebuza uTholi mayelana nempilo kanye nemvelaphi yakhe wayengazitholi izimpendulo ezicacile. Bhala izinto EZINTATHU uBhekani ake azibuza kuTholi wagcina engazitholanga izimpendulo ngazo. (3)
- 4.5 UBhekani wayeyishimane somfana. Sekela lo mbono ngamaphuzu AMATHATHU atholakala encwadini. (3)
- 4.6 Chaza lesi simo sokukhuluma njengoba sisebenzile endabeni:
Izinto ezithintana nabaphansi. (2)
- 4.7 Umama kaBhekani wayekhohlelwa ezangomeni. Sekela lo mbono ngokucaphuna amaphuzu endabeni. (2)
- 4.8 Umama kaBhekani wayengakaze ambone uTholakele, kunobufakazi bokuthi wayengamthandi. Bhala igama elikhombisa ukwedelela ayelisebenzisa uma ekhuluma ngaye. (2)
- 4.9 Umama kaBhekani wayenesiqiniseko sokuthi abaphansi babezowenza umshado kaBhekani ungabi yimpumelelo. Ngempela kwenzeka lokhu. Chaza ngamaphuzu AMABILI ukuthi kwenzeka kanjani. (2)
- 4.10 Ngamaphuzu AMATHATHU bhala umyalezo owutholile ngokufunda le ndaba. (3)
- 4.11 Chaza ukuthi izenzo zikaZenze zihambisana kanjani negama lakhe. (3)
- 4.12 Kwabaningi uSifiso ubukeka njengomuntu othanda izindaba. Abanye bambuka/bambona njengomngani oqotho kaBhekani. Uthini owakho umbono? Sekela ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

4.13 UBhekani wayengahambisani namasiko. Ngabe lokhu kuyiqiniso noma umbono? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (3)

4.14 Qondanisa UHLU-A NOHLU-B

UHLU A	UHLU B
4.14.1 UBhatomu	A waguliswa ukudla izidakamizwa
4.14.2 ENyawushane	B wayefika ngephupho kuBhekani nonina
4.14.3 Uyise kaBhekani	C wakhishwa ejele ngemali kaBhekani
4.14.4 UTholakele	D wayefuna ukungena uTholakele.
4.14.5 UZenze	E ngumngane kaBhekani
	F isizinda sendaba

(5 x 1)

(5)
[35]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 35

ISIQEPHU B: UMDLALO

Phendula umbuzo OWODWA kulesi siqephu esilandelayo. Uma ukhetha umbuzo omude bhala ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

UMBUZO 5: ISIKO NELUNGELO – N ZULU

UMaMbatha uvezwe njengomlingiswa ongenalo uzwelo. Ufuna izinto zenzeke ngendlela yakhe futhi ufuna bonke abantu bezwe yena. Bhala izenzo zikamaMbatha ezifakazela lesi sitatimende.

[35]**NOMA****UMBUZO 6: ISIKO NELUNGELO – N ZULU**

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

MaMbatha:	<i>(Ebalisa)</i> Yeka ngengane yami! Nokwenza isisele yodwa.
Mondise:	Iyiphi-ke leyo ngane?
MaMbatha:	<i>(Ekhala)</i> UDumisani. <i>(Hhi ... hhi)</i> zingwazile izigebengu zikamakoti.
Mondise:	Umakoti waphi?
MaMbatha:	Yena <i>(hhi ... hhi)</i> lo. <i>(Akhombe uThenjiwe)</i>
MaMkhize:	Zingwaza kuphi? Nini? Hhawu weSimakade! Uyaphila?
Mondise:	Kahle ngemibuzo eminingi kangaka. Ngeke siluzwe kahle udaba. Ugwazwe ubani uDumisani?
MaMbatha:	<i>(Hhi ... hhi)</i> Isoka likaThenjiwe <i>(Hhi ...)</i>
Thenjiwe:	Hhayi bo! Anginasoka mina. <i>(Ethukile)</i>
Mondise:	Kodwa yini le oyenzayo Thenjiwe? Usuhambe wafuna abantu ukuthi bagwaze umfowabo kamkhwenyana? Khona ungamfuni usungambulala pho?
MaMkhize:	Hhawu Sebawoti. Kanti umuntu uyophumula nini emhlabeni? Ushonile yini umfana?
MaMbatha:	Usesi ... bhe ... dlala. Ugulela ukufa. Bamlalele endleleni.
Thenjiwe:	Bakwethu, akalalelwanga endleleni. Bekula ...
Mondise:	<i>(Ngolaka)</i> Unesibindi sokukhuluma usubulele umuntu? Lunga kuyobonwa lo muntu.

MaMkhize: Ugwazwa yiyo intokazi njalo?

MaMbatha: Kusobala ukuthi yisoka layo. Sengiyabona ukuthi ilwa kangaka nje nesiko le ngane isizitholele ezomgana.

Thenjiwe: Anginasoka mina. Akukho (*akhale*) muntu engizomgana. UDumisani ulimale uSipho engivikela.

MaMbatha: Kade ngezwa mina ngalo Sipho. Cishe yafa ingane yami.

Mondise: Ngithe lunga wena kuyobonwa isiguli. Lo Sipho wakho ngifuna amangalelwe athole isigwebo esinzima.

Thenjiwe: Mina uDumisani ubengibamba (*akhale*) ngenkani.

MaMbatha: Uqale nini ukwenza leyo nto uDumisani? Uyamqambela. Uyathanda awuthandi uzomgana. Usayotholwa ubani njengoba usumenze isigoga.

MaMkhize: Akukho okunye Thenjiwe. Khohlwa yiloyo Sipho. Uzogana uDumisani manje ukuze kube khona ukuthula.

Thenjiwe: Ngingamane (*Hhi ... hhi*) ngizibula ... le. Angi ... mfu ... ni uDum ... sa ... ni.

- 6.1 Kulesi siqephu esingenhla kukhona okungesilona iqiniso okushiwo nguMaMbatha. Shono ukuthi yikuphi? (1)
- 6.2 Uma ubheka indlela akhuluma ngayo uMaMbatha kulesi siqephu esingenhla, ungathi ungumuntu onjani? Sekela impendulo yakho. (2)
- 6.3 Chaza lesi simo sokukhuluma esilandelayo:
Ukulalela umuntu endleleni. (2)
- 6.4 Abazali bakaThenjiwe abamvikeli lapho kufanele bamvikele khona. Bhala amaphuzu AMABILI uveze ukuthi kukuphi lapho behluleka khona ukuvikela ilungelo lakhe. (2)
- 6.5 UMnumzane uZungu wayengahambisani nokungenwa kukaThenjiwe kodwa wagcina esevumile. Shono ukuthi uMaMbatha wayemsabisa athini ukuze agcine evumile. (2)
- 6.6 Bhala izinto EZIMBILI ezenziwa uThenjiwe ukuzama ukukhombisa ukungahambisani kwakhe nokungenwa nguDumisani. (2)
- 6.7 NguNondumiso kuphela owayesekela uThenjiwe kuyo yonke imizamo yakhe. Wawuthini umbono kaNondumiso ngodaba lokungenwa kukaThenjiwe. (2)
- 6.8 Chaza ukuthi kungani leli siko lokungenwa libonakala seliphelelwe yisikhathi uma ubheka isikhathi esiphila kuso manje. (2)

- 6.9 Ngamaphuzu AMATHATHU xoxa ngendikimba yale ndaba. (3)
- 6.10 Ukuqulwa/ukuthethwa kwecala likaSipho kwakungenabo ubulungiswa (justice). Sekela lo mbono ngokucaphuna amaphuzu AMABILI emdlalweni. (2)
- 6.11 Bangingi abantu ababezama ukuphoqa uThenjiwe ukuthi agcine evumile ukungenwa uDumisani. Chaza ukuthi laba bantu abalandelayo benzani ukuze uThenjiwe avume ukungenwa nguDumisani:
- 6.11.1 Ugogo wakhe (2)
- 6.11.2 USipho (2)
- 6.12 Ukwala/ukungavumi kukaThenjiwe ukungenwa uDumisani kwakwenza abukeke sengathi akahloniphi. Ziningi izinto ezikhombisa ukuthi wayengumakoti ohloniphayo. Bhala amaphuzu abe MABILI afakazela lo mbono. (2)
- 6.13 UDumisani isishimane somfana. Sekela lo mbono ngamaphuzu AMABILI owacaphune kulo mdlalo. (2)
- 6.14 Liyini isiko lokungenwa. (2)
- 6.15 Qondanisa UHLU-A noHLU-B.

UHLU A	UHLU B
6.15.1 Usebawoti	A ukugula kakhulu.
6.15.2 Isigwebo	B wabhala incwadi esejele.
6.15.3 Ukugulela ukufa	C uMdali
6.15.4 USipho	D uyise kaDumisani
6.15.5 UZungu	E inhlawulo enikezwa umuntu emuva kokuthethwa kwecala.
	F uyise kaThenjiwe

(5 x 1)

(5)
[35]**NOMA****UMBUZO 7: ABABULALI BENYATHI – RM Mngadi**

Ngesinye isikhathi abantu baqinisa amakhanda bangathathi iziyalo kwabanye abantu. Lokhu kugcina sekwenzele wonke umuntu izinkinga. Chaza ukuthi abalingiswa abakulo mdlalo bayidelele kanjani inkosi uShandu kwaze kwafika nasesiphethweni esingalindelekile.

[35]

NOMA

UMBUZO 8: ABABULALI BENYATHI – RM Mngadi

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

(Kuqala ukuhwalala. Kusendlini okuhlala kuyo uMbandlwa. UMbandlwa uvakashelwe nguDuma).

Duma: Cha, ngiyezwa Mbandlwa. Bengicabanga ukuthi le nduna izohluleka ukuthola ibheyili. Ngendlela ochaza ngayo, imantshi cishe ibifanele ukumnika ibheyili. Noma kunjalo kodwa kuyacaca ukuthi ubudinga ummeli ngoba ubezokwazi ukuthi aphakamise elokwenqaba ibheyili ngezizathu ezimayelana nokuvikeleka kommangali. Akusenani-ke, useyitholile ibheyili. Okungijabulisayo yikho ukuthi ubuhlungu sebuzo behla.

Mbandlwa: Wena uhambe kanjani eMgungundlovu?

Duma: Mfo, ngiyile eMnyangweni. Bangemukele kahle kodwa bangeluleke ngokuthi bekufanele ngibikele ihhovisi likaMasipala kuqala ngisuke lapho ngasengibabela khona-ke kulelo hhovisi. Laphayana ngithole uSomlomo woMkhandlu. Ungethembisile impela ngokulusukumela lolu daba kodwa uthe, usacela kengimnike ithutshana.

Mbandlwa: *(Ngokunengwa)* Ithutshana lani futhi?

Duma: *(Aphakamise izandla sakumisa uMbandlwa)* Yima! Yima! Mbandlwa. Phela ithutshana yisikhashana nje. Kodwa ngithe sengiphuma ngahlangana noMchunu oyikhansela. Yena utshengise ukunengwa ngalesi simo. Uthe amaphoyisa nawo angabamba iqhaza ngokuthi abe khona njalo uma ngifuna ukuhlangana nabantu ngaphandle kokuthikaziswa.

Mbandlwa: *(Amkhombe ngomunwe)* Uyabona-ke, lowo muntu unomqondo osheshayo. Indaba yethutshana iyidilayi. Thina asicele amaphoyisa aqaphele isimo uma sinomhlangano.

Duma: Lalela lapha. UMaShezi usephendukile wethuswe yisimo lesi sakho kanye nabafanyana abahambisana nenkosi, abadlule kwami badelela. Ngempela uyatwetwa manje. Uze wathi kungaba ngcono uma mina ngingazehlisa enkosini noma ngiyeke kwabukhansela lobu. Hheyi! Wethuke ngempela uMaShezi. Ngethukile ngoba ngiyamazi umkami. Ube bhodla umlilo ngokuyokhuleka enkosini kodwa manje usemane waphenduka kuhle kwemali uma abafana bedlala isipina.

Mbandlwa: *(Asukume)* Uyadlala uMaShezi! Hhayi bo! Senzeni? Sijabulise lezi zilima ezingahambisani nezinguquko? Lutho! Lalela lapha wena! Hamba uye amaphoyiseni ufike ubike ngomhlangano ofuna ukuwubiza maqede uwacele ukuba afike ngoba kunabantu abangayifuni inqubekela phambili kule ndawo. Uchaze nje nangobungozi babo.

8.1 Bakuphi laba abaxoxayo?

(1)

- 8.2 Basebenza msebenzi muni laba bantu abaxoxayo? (2)
- 8.3 Ngokwalesi siqephu esingenhla yiziphi izinto EZIMBILI athi uMaShezi uDuma azenze. (2)
- 8.4 Bhala izinto EZIMBILI ezenziwa uDuma ezikhombisa ukungayihloniphi inkosi. (2)
- 8.5 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezilandelayo:
- 8.5.1 Kuqala ukuhwalala (2)
- 8.5.2 Ukutwetwa (2)
- 8.6 Khetha impendulo efanele kubakaki.
- 8.6.1 Ngubani okuthiwa uyimphohlo phakathi kwalaba abakubakaki? (uDuma, uMbandlwa, uShandu). (1)
- 8.6.2 (UMashezi, uMaMsomi, uMaNgema) uyinkosikazi yenkosi. (1)
- 8.6.3 Umuzi ka(sayitsheni, Dlamini, sopolitiki) wabhujiswa wumlilo. (1)
- 8.6.4 Inkosi yathuma (uMazongolo, iphoyisa, induna) ukuthi abe usihlalo embizweni. (1)
- 8.6.5 (UMaShezi, umhlengikazi, uMzizi) wacelela umyeni wakhe uxolo enkosini. (1)
- 8.7 Ubani ummeleli kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (3)
- 8.8 Chaza umyalezo odluliswa yilo mdlalo. (2)
- 8.9 Ngamaphuzu AMANE phawula ngodweshu olwenzeka esikoleni eNdabuzekwayo ngosuku lomhlangano. (4)
- 8.10 Ngokwakho ukubona ngabe kufanele yini umuntu oyimpohlo abekwe esikhundleni? Sekela impendulo yakho. (3)
- 8.11 Abantu bakule ndawo bayaluthanda udlame. Sekela lo mbono ngamaphuzu amabili. (2)
- 8.12 Ukuziphatha kukaMaShezi akuhambisani nesizinda sendaba. Bhala izinto EZINTATHU ezenziwa uMaShezi ezifakazela lokhu. (3)
- 8.13 Ngabe yiqiniso noma umbono ukuthi inkosi uShandu yayingumuntu onoxolo. Sekela impendulo yakho. (2)

[35]**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE**IZINYEMBEZI ZOTHANDO – DBZ Ntuli (Umhleli)**

Phendula umbuzo OWODWA kulesi siqephu esilandelayo. Uma ukhetha umbuzo omude bhala ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

UMBUZO 9: Imfihlo Kamakoti – MT Mkhize

Chaza ukuthi ukuhlukana kukaRoy nenkosikazi yakhe kanye nokweswela imali yelobolo kwaholela kanjani ekutheni agcine esevuma izinto ayengeke azivume ukuba wayengaxakekile ezimalini.

[35]**NOMA****UMBUZO 10: Ilobolo – S Zimema**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Sekuphele izinyanga ezine elobolile ngokwamandla akhe. Yize noma ezamile ukujabulisa umukhwe wakhe ngokumkhokhela kodwa umukhwe wakhe akavumi ukukhipha usuku lomshado. Umshado oNgcwele, wasesontweni. Incwadi yomshado yona isikhona. Kwadingeka ukuthi kuphuthunywe kuyobhaliswa enkantolo ngenxa yesimo esasithanda ukuba bucayi. Kwathi ukuba kuzwakale ukuthi kukhona umuntu mumbé ofuna ukuyithwala intokazi lena, kwavunyelwana ngokuthi kufanele bashadiswe ngokushesha laba bobabili. UMandlenkosi useshadile ngokusemthethweni. Sekusele ukuthi ayodlula endlini yesonto, kuyobusiswa le ncwadi yomshado.

UMandlenkosi ubesalokhu elulindile lolu suku lomshado olungafiki. Okubi kakhulu ukuthi umukhwe wakhe ubegodle ilobolo, wagodla nomakoti wase engezelela ngokugodla nosuku lomshado. Okwenza ibe buhlungu kakhulu inhliziyo kaMandlenkosi ukuthi umukhwe wakhe unesandla esiqine kakhulu. Akafuni ukuthi ingane yakhe ihlangane nomkhwenyana kungakayiwa esontweni. Wasikhipha leso sexwayiso waze wagcizelela. Waze wafunga wathi buyochitheka bugayiwe uma bengatholakala ndawonye laba bobabili. Kwancwajana yomshado kayisho lutho lapha kuyena, yinto asengayihliphiza kalula nje lena.

Umukhwe wayeqhoshwa nangokuthi uMandlenkosi akaqedile ukukhokha. Kwaleyo madlana aseyikhokhile angabuyiselwa yona kungabi ndaba zalutho nje, kuqhoshwa umukhwe. Umukhwe ufuna ukuthi iqede ukukhokha le ndoda enguMandlenkosi ngaphambi kokuthi kuphume usuku lomshado. Kufanele aqede ukukhokha uMandlenkosi ngaphambi kokuba athole umkakhe.

Belungasho lutho kangako usuku lomshado kuMandlenkosi, into embulala kakhulu inhliziyo, yilena yokunqatshelwa ukuba abonane nomakoti wakhe, sebashadile. Kanti yini lena efunwa wumukhwe wakhe? Wake wakuzwaphi yena ukuthi umuntu wake wakhokhelwa sengathi kuthengwa isaka lamazambane? Yena wamlobola kanjalo umfazi wakhe?

UMandlenkosi uke afikelwe umqondo wokuyeka ukuba yimvu yasesontweni, avele abe yindlavini uqobo lwayo. Ucabanga ukuvele athathe umfazi wakhe ayomfaka ekhaya kubo, yikhona ezoke abone ukuthi izoqhosha ngani leya ndoda.

- 10.1 Sekuphele izinyanga ezingaki uMandlenkosi elobolile? (1)
- 10.2 Yini eyenza uMandlenkosi nomakoti wakhe bagcine beshade enkantolo? (1)
- 10.3 Bhala izinto EZINTATHU umukhwe kaMandlenkosi ayezigidlile? (3)
- 10.4 Ukuthi uMandlenkosi uyimvu kusho ukuthi (wayedelela, wayelungile, wayeselobolile). (1)
- 10.5 Abazali bakaMandlenkosi kwakungabantu abaqotho. Sekela lo mbono ngokucaphuna amaphuzu AMATHATHU endabeni. (3)
- 10.6 Chaza lesi simo sokukhuluma njengoba sisetshenzisiwe esiqeshini esingenhla. (2)
- 'Umukhwe akafuni ingane yakhe **'ihlangane nomkhwenyana'**.
- 10.7 UMandlenkosi wayefuna ukuyolanda ilobolo lakhe emva kokushona kukamakoti. Ngabe lesi kwakuyisinqumo esihle noma esibi. Sekela impendulo yakho. (3)
- 10.8 Bhala amaphuzu abe MATHATHU atholakala lapha endabeni afakazela ukuthi le ndaba yenzeka ngesikhathi sakudala. (3)
- 10.9 Yisiphi isifundo esafundwa ngumukhwe kaMandlenkosi ngokushona kwendodakazi yakhe? (2)
- 10.10 Ukungafuni kukamukhwe kaMandlenkosi ukubonisana nabanye abantu kwashintsha emva kokushona kwendodakazi yakhe. Chaza ukuthi umukhwe wayesefunani kuMandlenkosi? (2)
- 10.11 Omakhelwane bakaMandlenkosi babezithanda izindaba zabantu. Ngabe yiqiniso noma umbono lona? Sekela ngamaphuzu AMABILI. (3)
- 10.12 Ngokucabanga kwakho kwakuyisiphi isizathu sangempela esasenza umukhwe angalukhiphi usuku lomshado? (2)
- 10.13 Umukhwe kaMandlenkosi wayeyindoda engakwazi ukuphatha kahle imali. Fakazela lo mbono ngokucaphuna amaphuzu AMABILI endabeni. (2)
- 10.14 Yimuphi umyalezo owutholile ngokufunda le ndaba? (3)
- 10.15 Indaba emfishane ivamise ukuba nengwijikhwebu. Kule ndaba ayikho. Shono ukuthi yini obekumele ibe yingwijikhwebu kule ndaba. (2)
- 10.16 UMandlenkosi wayebahlonipha abazali bakhe kodwa kukhona lapho engabalalelanga khona. Chaza ukuthi kwakuyinini lapho. (2)

[35]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 35

ISIQEPHU D: IZINKONDLO**IZINKWAZI ZOTHUKELA/AMAHLOKOHLOKO – EJ Mhlanga no JJ Thwala****UMBUZO 11**

Khetha izinkondlo EZIMBILI kuphela bese uphendula imibuzo.

Funda le nkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Kwamfazi Ongemama – FF Mbatha

- 1 Awuthunyelwa gundane
- 2 Ngidele konke ngayokwenda,
- 3 Ngidel' ikhaya likababa,
- 4 Ngadel' izihlobo nabangani,
- 5 Ngadela nezinkalo zakithi,
- 6 Uze ungilonde Mveli
- 7 Kwamfaz' ongemama.

- 8 Namuhla ngiqombol' izintaba,
- 9 Ngilibangise kwamfaz' ongemama.
- 10 Noma ngibangwa nezibi,
- 11 Liyophuma lithi
- 12 Ngiyatefa ngiyazenzisa,
- 13 Uze ungigcine Menzi
- 14 Lapho kwanhliziyo ngise.

- 15 Noma ngingayisisulu sikamamezala,
- 16 Noma angangicakafula angichaphe
- 17 Ngelumelayo yodwa,
- 18 Ngiyobekezela ngizithobe.

- 19 Mntanomuntu ngibekezele,
- 20 Ngigcine yonk' eyasemendweni.
- 21 Uz' ube yisihlangu sami Baba,
- 22 Lapho kwamfaz' ongemama.
- 23 Konke kwenzeka samlingo,
- 24 Nokho lolu thando luyithumbil' eyami,
- 25 Lolu thando lungishay' indali emajukujukwini
- 26 Ngiyazesaba ezakhona izehlo.
- 27 Nokho akusenani
- 28 Sengobekezela ngizithobe,
- 29 Kwamfaz' ongemama

- 11.1 Ngamaphuzu AMABILI bhala umqondo wale nkondlo. (2)
- 11.2 Yini le okuthiwa ayithunyelwa gundane? (1)
- 11.3 Kungani kuthiwa kukwamfaz' ongemama? (2)

- 11.4 Caphuna igama kule nkondlo engenhla elisho ukuthi imbongi ishiye kumnandi lapho isuka khona. (1)
- 11.5 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenzisiwe enkondlweni:
- 11.5.1 Ukubangwa nezibi (2)
- 11.5.2 Kwahliziyo ngise (2)
- 11.6 Iluhlobo luni le nkondlo? (1)
- 11.7 Kungani igama 'Baba' esitanzeni sesi-3 liqalwe ngohlamvu olukhulu? (1)
- 11.8 Chaza ukuthi le migqa elandelayo iveza muphi umqondo:
Mntanomuntu ngibekezele,
Ngigcine yonk' eyasemendweni. (2)
- 11.9 Bhala ukuxhumana siqalo okutholakala esitanzeni sokuqala. (2)
- 11.10 Sinjani isigqi sale nkondlo? Sekela impendulo yakho. (1½)
[17½]

NOMA

UMBUZO 12

Funda le nkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Phansi – LMMS Madondo

- 1 Umhlaba umngumhlaba ngokuhlaba
- 2 Uwuhloniphe uwukhonze uyakukuhlonipha
- 3 Ubazonda kabi abazazi ukuhlakanipha
- 4 Lunye kuwo uhambo
- 5 Impinda kayikho
- 6 Lunye kuwo uhambo
- 7 Impinda kayikho
- 8 Sinye kuwo isikhathi
- 9 Sifushane asenele
- 10 Ubumpigogo nobusakabuli buyaqedwa
- 11 Bushazwe yizangqotho nemishazo yomhlaba
- 12 Omahlalothini abantengenyekayo ntengentenge
- 13 Bawe bhu bahuhuluze okwamahobosha
- 14 Abaqhwaklazela phezul' onontandakubukwa
- 15 Baphenduk' izinqibi kugayingane imilomo
- 16 Osemuva limshwibe shwi limbeke phambili
- 17 Ngentobeko yobuphansi okwezintuthwane
- 18 Ube phansi nangenzolo ezothile yobuntu.

- 12.1 Ngamaphuzu AMABILI bhala umqondo wale nkondlo. (2)

- 12.2 Bhala uhlobo lwesifengo oluqukethwe yilo mugqa olandelayo: Ubazonda kabi abazazi ukuhlakanipha. (2)
- 12.3 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenziwe enkondlweni:
- 12.3.1 Ubumpigogo nobusakabuli buyaqedwa (2)
- 12.3.2 Osemuva limshwibe shwi limbeke phambili. (2)
- 12.4 Ngabanjani abantu abangonontandakubukwa? (1)
- 12.5 Iluhlobo luni le nkondlo? (1)
- 12.6 Bhala isenzukuthi esitholakala emgqeni we-13 bese usho ukuthi imbongi isisebenziseleni. (2)
- 12.7 Sinjani isigqi sale nkondlo? Sekela impendulo yakho. (1½)
- 12.8 Khipha yonke imvumelwano siqalo etholakala kule nkondlo. (2)
- 12.9 Bhala ukuxhumana sigcino okweqayo okutholakala kule nkondlo. (2)
- [17½]**

NOMA

UMBUZO 13

Funda le nkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Ngiyafisa Ukuba Qotho – DA Hlophe

- 1 Ngiyafisa ukuba qotho
- 2 Ngishumayeke ngobuqotho,
- 3 Ngibe qotho ezindleleni zami
- 4 Ulimi lwami lube qotho,
- 5 Ngibe qotho nanxa ngikhuluma.
- 6 Ngiyafisa ukuba qotho
- 7 Emsebenzini yami.
- 8 Nanxa ngikhandleka
- 9 Imisebenzi yami ibe qotho
- 10 Iziphambeko zami zisulwe.
- 11 Ngiyafisa ukuba qotho
- 12 Kubazali bami
- 13 Ngihloniphe omdala nomncane
- 14 Ukuze ngitshal' imbewu
- 15 Yobuqotho esizweni sakithi.
- 16 Ngiyafisa ukuba qotho
- 17 Eziphiweni zami enginazo
- 18 Ukuze ngisebenzise zonke
- 19 Ngokukhulu ukwethembeka
- 20 Ukuze ngijabulise abantu.

- | | |
|----|-------------------------------|
| 21 | Ngiyafisa ukuba qotho |
| 22 | Naku Somandla uqobo! |
| 23 | Ngiziveze ngimsulwa kuye |
| 24 | Ngikhale kuye angizwe |
| 25 | Yen'owazi ngempokophelo yami. |

- 13.1 Ngamaphuzu AMABILI bhala okushiwo yimbongi kule nkondlo. (2)
- 13.2 Ukuba njani ukuba qotho? (2)
- 13.3 Bhala impindwa ekhona kule nkondlo bese usho ukuthi imbongi iyisebenziseleni. (2)
- 13.4 Hlobo luni lwesifenqo lolu olulandelayo:
Ulimi lwami lube qotho. (2)
- 13.5 Kungani igama uSomandla libhalwe ngohlamvu olukhulu? (1½)
- 13.6 Chaza lezi zimo zokukhuluma:
13.6.1 Yen' owazi ngempokophelo yami. (2)
13.6.2 Iziphambeko zami zisulwe. (2)
- 13.7 Bhala imvumelwano siqalo etholakala esitanzeni sokuqala kule nkondlo. (1)
- 13.8 Bhala uhlobo lokuxhumana olutholakala kustanza sokuqala unike nesibonelo sakhona. (3)
- [17½]**

NOMA

UMBUZO 14

Funda le nkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Ungumzali Onjani – DA Hlophe

- | | |
|----|--------------------------------------|
| 1 | Ungumzali onjani? |
| 2 | Odel'igazi lakhe |
| 3 | Lichithek' ezindabeni |
| 4 | Sithi sihlezi sithokozile |
| 5 | Kodwa abasibophel' amanqina enyathi. |
| 6 | Ungumzali onjani? |
| 7 | Onhliziyo yakhe iyitshe |
| 8 | Ongafuni ukusinika |
| 9 | Iwisa nesihlangu |
| 10 | Silwe sivike kudal' umakhasane |
| 11 | Kukhale inkwazi kukikizwe! |

12	Ungumzali onjani?
13	Ongasingath' amachwane akhe,
14	Awafak'endleleni eyiyo.
15	Kuthi lapho kufik' izivunguvungu
16	Ziwathole ekhuselekile.
17	Ungumzali onjani?
18	Ohal' anethezeke
19	Ashay' esingeqiwa ntwala
20	Kodwa ekhaya kudlang' usizi
21	Izingane zibona ngokusa.
22	Ungumzali onjani?
23	Onikwa isikhali sempilo
24	Ahlabane ngaso imizuzwana
25	Asitshinge phezulu
26	Kuqhamuke iminjunju imtshikitshela.

- 14.1 Ngemigqa EMIBILI bhala umqondo wale nkondlo oyifunde ngenhla. (2)
- 14.2 Shono ukuthi ukukhethwa kwamagama estanzeni sesithathu kuwulolonga kanjani umqondo? (2)
- 14.3 Igama 'amachwane' liqondeni kule nkondlo? (1)
- 14.4 Iluhlobo luni le nkondlo? (1)
- 14.5 Hlobo luni lwesifengqo lolu olulandelayo:
Onhliziyo yakhe iyitshe. (2)
- 14.6 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenziswe enkondlweni.
14.6.1 Ashay' esingeqiwa ntwala. (2)
14.6.2 Awafak' endleleni eyiyo. (2)
- 14.7 Kule nkondlo oyifunde ngenhla, caphuna umugqa onenjambementi bese usho ukuthi iwulolonga kanjani umqondo. (2)
- 14.8 Imbongi iyisebenziseleni le mpindwa 'Ungumzali onjani?' (1½)
- 14.9 Phawula ngesigqi sale nkondlo. (2)
- [17½]**

AMAMAKI ESIQEPHU D: 35
AMAMAKI ESEWONKE: 70